lapho ange6onwe khona uZulu. Useze uyaphumelela usefika oThukela useyakhonza emaChunwini kuPhakade. Usezwa ukuthi
7 6afuna ukum6ulala use6aleka. Se6esala a6anye kanye nenduna yakhe uZikhali. Akasaphumeleli ukuhamba nezinkomo eziningi ngo6a ehamba ngoku6aleka. Sezisala kuzikhali eziningi. AmaChunu ngomuhawu asezithatha ezinye kuye uZikhali ngoku6ona ukuthi naye xkk akahlezi uya6aleka usecasuka noZikhali. Inkosi yona uNyamayenja usedundu6ala uNdi usaka lapho. Uselandela uZikhali kasaludundu6ali uNdi usethi ukufika lapha ngaseMnambithi usesala umfowa6o. Yena wedlula na6anye a6aningi useze uyakha lapha enkunzi ngaseWaschbank. Useze uyafa khona lapho. Nonyamayenja usefela khona oNdini. Sekusala indodana yakhe uMkhakanyeki Nkosi isi6ongo sa6o. Sekuthi inkosana kaZikhali
8 uMahlasela Vilakazi usezwa ukuthi kukhona amazwe athengisayo kwelase Dundee. Usesuka namadoda amanye na6afowa6o se6ehlanganisela imali 6onke se6eyolithenga. Ne6ala se6evunyelwa. Nanamhlanjena ithayithele yezwe ukumadodana kaMahlasela. 6athenga izwe laseKala6asi eduze nase Dannhauser, kodwa elase Dundee.. Kwathi a6angathenganga 6asala lapho eNkunzi 6ona. Sekuthi inkosi uMkhakanyeki ngokuzwa into eyenziwe uMhlasela isifuna nawo uku6a ilithenge izwe. Uthenga enyanyadu nase Mzinyathi eJokise lapho umuzi wayo ukhona nanamhlanjena. Isimenza induna yayo uMahlasela. Se6ethukuthela a6afowa6o uMahlasela, ngo6a phela kwakungesiyena owenkosikazi yokuqala
9 kuyise. Unina kwakungowokugcina uZikhali Vilakazi. Manjena inkosi inkosikazi yokuqala kaZikhali kwakuwunankosi. Pho-ke wafa engenayo ingane. Useze uthi ekugcineni usemuthola omunye uMankosi uZikhali unina kaMahlasela usemenza inkosikazi uZikhali. NoMahlasela use6a inkosana yakhe. Se6elwa na6afowa6o 6e6anga loko. Kwa6uye kwaphela loko. 6axolelena. Umuzi usuwehlukana ukwakha kwawo. Kunendoda emhlophe eya6e inoMahlasela uma kuthengwa lelizwe. Lendoda uMrL. Langely nanamhlanjena iyona ndoda idumile kwalaseDannhauswe. Ngokwethembana kwayo xxx noMahlasela yaze yamupha inkunzi yenkomo eyo belu. Nayo lendoda ayisekho sekukhona amadodana ayo oFrank no Bettie

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Langely. Iwona asahlali sene na6antu 6aseKalabasi ngokuthula.

10 Namadodana kaMahlasela awethembile amadodana ka Mr. Langely.

Izi6ongo zikaMhlasela

Umlungu omnyama mkonyane yeSwazi,
Ingilosi emnyama edukele emhla6eni,
Inyoni engena sikhundla ezinye zinezidleke
Uma 6uzwa futhi atholakale umntakaZikhali
Ungwaja oziphadela isikhundla a6anye 6engazi phandleli
Umondli wezintondana zingena kuphephela ndawo,
Inqa nawe nehawu lama Vilakazi li6onakele.
Owa6ona intuthu umulilo ungakavuthi wawucisha
Ulimi lu6ushelelezi apholisha amadoda e6uthene,
Ngo6a u6engephendulane nandoda.
Ohla6e uNdlela u6ucoco ygokumbonela isikhundla sokuzinza
Inyoni ema6ala azi6adu
Inyoni ema6ala azibhadu vuka u6onakale.
Akhuze umhlola ku6afowa6o wathula zikali zikhali.
6a6azani maSwazi nithule nitho nanti udumo lwenu
Inkonyane kaZikhali kaMazwana
11 Oja6ulise amadoda waye wawanika okungaziwa.
Usitshesihle kasidleli.
Umehlo enkomo iqala ukuzala wona efuna njalo ngothando olukhulu.
Uthunga izimbiza zotshwala umfazi eselandulile aphuza amadoda
Umadonswa alandelwe
Khulumani madoda, nithi "Nanku umhlola."
Khangelani zizwe ni6uke ukudonsa kwendoda amehlonkomo.
Onda6a zakhe zimunandi zimvusa ekufe, ngo6a engaphumi emilonyeni
yamadoda na6esifazane.
Thulani madoda, kukhulu okuzayo.

UMahlasela lezizi6ongo uzinikwe inkosi uMkhakanyeki ngo6a e6ona umuse6enzi wakhe phakathi kwa6antu 6akayise. U6ethi noma emu6ona eza uMahlasela akhale izinyembezi ngokukhumbula oyise.

12 UMahlasela lona kwakuyindoda ehlakaniphile . Inenhlonipho futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Yayi namakhosikazi ayithupha. Yayifuyile kakhulu nanamhlanjena usa6onakala umuzi wayo nesi6aya sezinkomo, nezinqola namakhu6a, namahala. Iyonandoda ~~x~~ eyakhombisa amadoda alapha ekhala6asi ukulima ngokuzwana no Mr. Langely a6athenga naye lendawo. Sekuyisiga ku6antu ukuthi umuntu ofuyile 6athi (umahlasela avute). Uthena ngokuthenga umkhakanyeki use6uya phezu koNdi usakha eMzinyanti ngaseGokisi. Umuzi wakhe ulapho omunye uphezu koMzinyathi impela, omunye useMba6ane. Usethi kuleli elise Nyanyadu usesa umfowa6o omncane uBhedleni ebheka 6onke a6akwaNdlela kuyi district yeDundee. Yena-ke uku district
13 yase Newcastle. Amadodana kayise yilana esewonke uSithini, Gojila, Mthumeni noMandlesilo na6o-ke 6enoBhedleni. Amantombazane yilana: uDadeni, uNgenzeni, uNomlomo, uPhindiwe, noGa6isile. Ama6ili agana emaChunwini. USithini yena uphethe izwi lasemnambithi.

UMkhakanyeki uyise woSithini, Gojila, Mthumeni, Mandlesilo, Bhedleni, noGamulake kwakungeyena umfowa6o. Uthena uma esefile kwasekuthatha inkosana yakhe uGamulakhe. UGamulakhe usandakufa kade akhe eJokisi emzini kayise omudala. U6ezwana kakhulu noMhlasela. Uke waxa6ana nomfowa6o uSithini kwaze kwaku6i impela. 6a6e6anga 6ona u6ukhosi. Pho-ke kwazisa ukuthi izwe seli6uswa a6amhlophe, 6asheshe 6ayilungisa inda6a ya6o. Usithini
14 waye kade ehlala ngaphezulu oNdini lapho uyise asuka khona u6ekhonzile lapho kuBhelungu. Pho-ke u6ena6antu a6aningi kuleyondawo a6asala kuyise. A6angavumanga ukuthenga amazwe. Manjena kwafumaniseka ukuthi induna kaGamulakhe uNda6ambi Mavuso. Ithenge izwe ngayo imali yasendlunkulu, manjena yase i6ukeka ~~j~~ njengenkosi kuleyondawo. Pho-ke uSithini uya6uza ukuthi kungenzaka njani ifa lakwa6o lidliwe kaMavuso na? Pho-ke inkosi uGamulakhe umu6uyisa ngelokuthi, akalidli ifa u6ambile njena njengo6a eyinduna njengo6a mawe uyinduna yami lapho. Nezwe lele yimina engithena ma6alithenge ngemali yasendlunkulu. USithini usefuna ukudumela yena uNda6ambi
15 mavusongempi../ Izikhathi izi6ili ekhuzwa eseyihlomisile. Kwazisa ukuthi kuyi6anga ukuya lapho kwakhe khona uMavuso.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sezithathwa uMnyamana osongathithi uzisa enkosini kanti useyozi-
dlela zona. Sesifika isithunywa senkosi silanda yena uZikhali
uku6a makalandele manjena inkosi isiwutholile umuzi. Isimu6uza
uMnyamana sekufunaniseka ukuthi akaziwa izinkomo wazidla.
UZikhali usesa6a ukuya enkosini ngo6a konke loku ayithuma ngako
19 uMnyamana enkosini inkosi ayikwazi. Nokuthi izinkomo zayo
zaphela ngenda6a yendlala neyokumuka nomfula ngesikhathi
zizacile ayikwazi inkosi. Usala uZikhali ngoku6ona ukuthi
isiyomu6ulala inkosi. Usehlala khona emaChunwini esekhipha
ezinye futhi izinkomo ukulo6ola uMankosi. Isiya6onga inkosi
isimutshena ukuthi yona ayinanda6a ngenda6a kaMnyamana. Pho-ke
uMnyamana iyamazi ukuthi umuntu ongalungile ngo6a nayo
wayikhohlisa wathi uyayilandela kanti unamanga. Pho-ke
ingen 6ulale le/ loko uZikhali ngo6a wazigcina izingane zayo
nonina nezinye izinkomo zayo. Ukusuka kwazikali emaChunwini
ngo6a naye esehluphekile amaChunu ehawukela nezinko
20 zakhe uZikhali. Usethi kanti ukusuka kwakhe u6ese qonde
enkosini usezwa ukuthi izinkomo ziyafa kwelenkosi na6elungu
ngisho a6amhlophe se6efikile nemithetho enzima. Nenkosi isifuna
ukusuka manjena. Asemkhuza uZikhali amanye amadoda ukuthi
akakho khona lapha kwanta6amhlophe a6one kuqala ukuthi inkosi
ishonaphi yona. AmaChunu awamulandelanga uZikhali asuke alwa
namaThembu awasithola isithu6a sokulandelana noZikhali. Inkosi
isithumela yona futhi kuZikhali ukuthi akakame. Use6ona ukuthi
indlala kahle ayikho kwanta6amhlophe usethuthuka wakha khona
eNkunzi wasenyafa njalo.
21 Ngokuthenga kwaMhlasela namanye amadoda izwe inkosi isifuna nayo
yafa ingakalithengi selize lithengwa indodana yalo uMkhakanyeki.
Ukuwela kwa6o indaka 6emukelwa izinkomo eziningi ezazizacile
zingenawo amandla. Kwasekuthi umfokaSha6alala uMvana wemuka
naye ethi uyawela ulandela izinkomo. A6anye 6alindela kwaze
kwa6ohla wona umfula ukande 6awele. Sekuthi ukufika kwa6o
futhi enkunzi umkhuhlane usu6a ngenela impela a6aningi 6emuka.
Kwasekuthi a6akwaSha6alala 6aphinda emuva 6athi uMahlasela
uya6alahle useya6a6ulala futhi 6athi 6ayakhona oThukela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

22 6ase 6athi ukwakha eMatiwane 6aze 6athenga lapho kuleyondawo namhlanjena 6asekhona 6ayisizwe inkosi ya6o uM6ekwa Sha6alala.

Kuthena uku6a inkosi izwe lokuyathukuthela. Pho-ke kwazisa ukuthi a6akwaSha6alala 6a6alekela kwa6amhlophe uku6a 6a6asize ngo6a se6e nenkosi ya6o 6odwa 6ona. Nanamhla a6athandani a6akwaSha6alala nenzalo kaNyamayenja.

UNyamayenja ukukhwela kwakhe uNdi

Uthena ekhwela wafumanisa ukuthi uMzilikazi u6ulele impela endleleni e6alekelah uShaka. Kwakungekhomuzi wahlangana namaBhunu. Pho-ke amuvumela uku6a makakhe kuwona ngo6a phela waye6aleka. E6alekela amaChunu. Nokuze aphile nezingane zakhe
23 wasizwa iwona ngokudla. AmaBhunu 6a6engawazi kangako. Sekuthi uMafulela ka Ntanda uxa6ana nomfana weBhunu eluse izinkomo azaphelela wa6uye wa6a nenkani futhi. Seku6uthana amaBhunu ndawonye usekhulekwa esondweni lenqola. Asethukuthela amaSwazi sekufuna ukusuka impi. Usecela uxolo uMnyamayenja usendlulela phambili usemuka noNdi useze wakha eNomondiya eduze no6ehlokazi lapha afela khona impela yena. Kulelolizwe wafumanisa izinyamazane eziningi njengelezi: amawulo, amaqina, onogwaja, izimba6ala izimpunzi, izinteneshe, ~~imf~~ impeme, izanci okonka, izambane nezinye izinyamazane. La6a phatha kahle lelo lizwe 6esafika.
24 Kodwa ~~x~~ kwathi ngokufika kwamaBhunu 6ahlupheka nezinkomo zafa ngalowonyaka kwaku6i impela. Se6ehlala 6ekhonzile khona emaBhunwini. Kuthena amantombazane ama6ili ayogana emaChunwini se6ecela uxolo kumaChunu ngo6a se6e6ona ukuthi ukuhlala kahle akukho. Se6ephelezelwa se6enikwa neziqila zoku6a se6enzela. Se6evunywa emaChunwini. Usehambisa izinkomo futhi uMkhakanyeki ukuyokhonzela ~~a~~odadewa6o enkosi yamaChunu sekuphela konke nokwesa6a manjena kumkha6anyeki. Isimu6onga nenkosi yasemChunwini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 187 K13/21

25 UMahlasela Induna

UMahlasela Vilakazi waye nomuzi omukhulu onanamhla usekhona. Wayenezinkomo eziningi onanamhla zisekhona. Enamakhu6a nemishini yakhe, namahala akhe. Waye namakhosikazi awusisi (sithupha). Eyokuqala UNaSha6angu, uNaKunene, Unankambule, naNgco6o, uNansi6anyoni nonanene. Ukuze aganwe uNanene. ~~XX~~ Wamu6ona 6ehambile 6elande umfazi wenkosi. Uthena uku6a 6afike neye umfazi wenkosi, se6eyitshena inkosi ukuthi kukhona intombi enhle a6ayi6onile yakwanene. Umfowa6o ulungile futhi. Esithi inkosi ayilandwe lentombi futhi. Ku6a wayo kukaZulu. Se6ehamba-ke oMahlasela ngo6a kwakuyinduna yenkosi. UMahlasela
26 naye wayeyihawukela lentombi. Nentombi futhi imuhawukela. Umahlasela usekhuluma nayo ekhulumela inkosi. Intombi isithi uwena yini inkosi oyikhulumelayo. Useyitshena ukuthi usho inkosi esekhaya. Seyenqa6a intom6i ukuya ku6ona lenkosi. Isithumela futhi inkosi uku6a uMahlasela ayayeshelela. Intombi isivuma yena uMahlasela Vilakazi. Ukunwuma kwayo yathi, (ingani nawe uyinkosi njena na) usethi uMahlasela, kuhle phela siyo6ona umuzi wakhe. Isivuma intombi sekuhanjwa. ~~Aa~~ Ayisayi emuzini wenkosi. Usethumela uMahlasela ukuthi ayivumi intombi. Inkosi isithula, kuthena emva kwezinsukwana sekuzwakala ukuthi intombi leyo yagana uMahlasela. Inkosi isimulanda
27 uMahlasela u6uza loku ekuzwayo. Usevuma uMahlasela. Ngokumethemba inkosi isimuhlawulisa usehlawula uMahlasela izinkomo eziwu 10. Kodwa inkosi akuyithandisananga kahle nomahlasela. Kuthena noma isifuna ukumukhipha e6uduneni yase isiyagula impela kakhulu. UMahlasela sewuyena futhi osesiza inkosi ngokuyifunela izinyanga. Inkosi isisinda. Seyivakashela emuzini kaMahlasela e6izwe uyena uMahlasela. Isimu6ona uMahene inkosi ayathanda~~Ké~~ kahle. NoMahlasela usemgada uManene ngokwesa6a ukuthi ngahle inkosi imuke naye. Isithi uma isihamba kuhle~~/~~ i6oniswe yena uManene use6aleka uManene isithukuthela inkosi. Isithi uma esendleleni ihamba iya
28 ~~eB~~ekhaya selina izulu isinetha impela inkosi, isigula impela kakhulu. Isize iyafa khona manjalo. Pho-ke ukuphumula kukaMahlasela ngo6a wayesenovalo impela esefuna nokuthengisa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

izwe lakhe a6aleke nomanene. UManene uyena ntandokazi yakhe uMahlasela. Uthe uku6a afe uMahlasela wamushiya na6antwana a6awu 4. Um6ulawa uyena kungowukugcina kuMahlasela.

UMahlasela uyena futhi owalanda isikolo eMgungundlovu namanye amadoda. Lesisikolo esinye sezikolo ezinkulu namhlanjena. Sinothisha a6awu 8. sakwahulumeni leso sikolo. Sinezingane eziningi impela futhi. Pho-ke phakathi kwezingane zakhe kwaphumelela zawu 3 ekufundisweni. Ama6izo azo yilana: uBessi, Nocholus noFrederich. Ezinye zamanye amakhosikazi
29 aziphumelelanga. Kwaphumelela zona ezakwaManene kuphela. Nanamhla njena umahlasela uyaziwa kuleli laseKalabasi. Kwathi indodana yakhe iBevule yasheshe yafa masishane yashiya uFrnak oyena nkosane emzini kamahlasela. Kuthene ngokufa kukaMahlasela kwase kukhethwa uMjantshi Ntanda uku6a a6e yinduna yakwaNdlela. Nanamhlanjena uNtanda useyiyona.

UGamulakhe inkosi.

Njengo6a ngishilo lena kwakuyinkosana kaMkhakanyeki. Uthena ngokufa kwakhe umkhakanyeki, indodana yakhe yathukuthela ukuzwa ukuthi uMahlasela wathatha intombi yenkosi. Isimuzingela impela ifuna ukumu6ulala. UMahlasela usesizwa a6amhlophe
30 ngo6a wa6alekela ku6ona. Lelicala lathethwa enkantolo impela ukuze indodana kaMkhakanyeki ixole. UMahlasela wayesehlawulisiwe uyise pho-ke indodana kwakungasafanele uku6a ilwe naye uMahlasela. Sekuthi ngokuzwakala kwalenda6a uMahlasela use6ona ukuthi mhlaumbe inkosi izothumela a6antu 6amu6ulale ingalindele usebheka kwaZulu ku6o kaManene. Usefika kuMfowa6o kaManene uKhunjininene usemu6ikela uMahlasela. Usethukuthela impela uKhunjini use6ikela inkosi ukuthi inkosi yaseSwazini ifuna uku6ulala uMntanakhe umayingaza. Ngo6a phela uGamulakhe wayesefuna uku6ulala uMahlasela noManene. Usethi ukuzwa loku uGamulakhe usethumela kwaZulu kuyena uKhunjini ukuthi londa6a
31 seyendlule akanakulwa noMahlasela induna kayise. Pho-ke uMahlasela usehlala isikhashana kwaZulu eshiye indodana yakhe ekhaya uBhevule. Uthena esi6uya use6uya nayo inkosikazi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uManene nonina kamanene. Se6ehamba kuthena uma se6esondele ukuba 6afike ekhaya indodana kaMkhakanyike kanti ithumele a6antu uku6a 6amugade uMahlasela 6amu6ulale ngendlela. Ne6ala uMahlasela usehlangana namadoda ama6ili uGi6aka6inde noMzo6e Sha6alala amanye a6aleka ngo6a engafuni uku6ulala uMahlasela. Amadoda amathathu azigulisa ukuze angalitholi icala nasenkosini.
k z
Usethi ukuhlangana nawo uselwa nawo uMahlasela 6enenkosi~~z~~a~~k~~i
32 yakhe nonina wayo. Useze ~~xx~~ afe unina wenkosikazi kaMahlasela. Useyi6ulala enye indoda uMahlasela. Lena esele isi6aleka impela kayisa6onwa kuze ku6e namhla ayaziwa ukuthi yashonaphi. A6anye 6athi ya6ulawa izige6engu zakwaLotshi. Usefika ekhaya uMahlasela useyizeka lenda6a. Sekuthi umfelwa futhi nkosi usemuntshena uMahlasela ukuthi inkosi yayithena maka6ulawe amadoda amahlanu kodwa ala lana amanye kuphumelela a6ama6ili. Usethi, uMahlasela, "Ngihlezi njena kanti inkosi iyangiyenyela engizingela izithende ayingitsheni ngani ukuthi kuhle ngi6ulawe ngo6a iyona futhi e6ange uku6a ngi6e lapha na, ngokuthi ayilwe nami uma nami ngicela uku6a ngelekelelwe a6angaziyiona? Isithumela inkosi kuye uMahlasela ithi, "Wena ulwa
33 nami ungilandela impi yakwaZulu uku6a ingi6ulale na." UMahlasela usehloma naye uhlomisa umuzi wakhe na6antu ayeyinduna ya6o. A6anye a6avumanga. Kuthena kusenjalo sekusuka yena umngani wakhe uMayeza Gele usemungenela e6usuku emu6ulala uMahlasela. Usefa njalo. Amazwi akhe okufa wathi, "Noma ungangi6ulala mayeza nawe uyokufa njengami u6ulawe umnganiwakho." Sekuthi indodana kaMahlasela isicela uMamu uMfowa6o uku6a maka6ulalale uMayeza yamukhombisa idamu lezinkomo. UMayezi wayeganwe intombazane kaMahlasela. Usevuma uMamu se6encenga nentombazane yona lena emuganile uku6a maka6ulawe isivuma nayo ngo6a uMayeza wayesefuna ukuyi6ulala nayo.
34 Esa6a ngo6a e6ulele uyise wayo. Sekwendlula izinsuku ezindlanu uMayeza se6emuvimbezela emuzini wakhe elele 6ashisa indlu yakhe. Use6amemeze akusasondeli muntu ukumelekelela. Useze ufela phakathi endlini~~l~~. Inkosi futhi nayo isithukuthela ufuna umuntu o6ulele uMayeza. Isimuthola kuthena kunjalo nayo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ser. 187 K13/21 12

34 cont. yafa ya6ulawa inkosikazi yayo. Kuthiwa 6ayinika umuthi a6akwaVilakazi uku6a mayife nayo. Usethi, uMahlasela kuzingane zakhe efa "Ninga6i namugani, umngani wakho isitha sakho." Kunjalo nanamhla inzalo yakhe ayimufuni umngani ngaphandle kwasekuhamb'eni. Indawo kaGamulakhe isi6uswa uBhendleni oyena asekhona nanamhlanjena. Yena-ke akakungenanga konke loku. Futhi a6amhlophe 6amazisa ukuthi uma 6ake 6ezwa umusindo 6ayomesula kulesisikundla akusona. Nanamhla usekhona umuzi wakhe useNyanyadu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

35 Kuthena ngeminyaka ephelise kwaба khona inkosikazi eyayiбulala aбantu impela isindala seyaziwa lonke izwe. Ukuze idume lenkosikazi kwathi amadoda ehlezi ephuza utshwala eduze nesiбaya evela elimeni. Aseбona kuphuma imikhovu aбantu aseбaбulawa бangcwatshwa бephuma endlini ngoба seбedakiwe amavovo unaManjanji aбaphawona. Uthi ehlezi eбandla useбona amadoda asethuka. Usekuza unaManjanji ngolaka ukuба lemikhovu iphinde emuva. Aбantu seбemangala njena seбeбaleka бonke ngoба бeбengethembi ukuthi unamaNjanji uyathakatha ngempela. Usethukuthela uNamanjanji esethutha uбusuku useye wakha eNyanyandu nomuzi wakhe. Usefa unoManjanji usengcwatshwa.

36 Pho-ke aбantu aбasakholwa ukuthi ufile ngempela. Kwake kwathi nomfundisi khona esakhe eNyanyadu waphika ukuthi akekho umuntu ongavusa umuntu esofile. Kwakuwumfundisi Mntshali. Sekufa uMfana kaNtshingila weбandla lakhe nonoManjanji oweбandla lakhe. UseyeMngcwaба umfana emini umufundisi. Useбiza uMvangeli Siбeko ukuба ayomuбonisa impela ukuthi kuyiqiniso yini loku okushiwo aбantu. Seбehamba-ke бelala kude namathuna ukuze бangaбonakali. Kuwunyezi. Usuphuma-ke umuzi wakwanoManjanji izintombi nezinsizwa naбanumuzane бonke ekhaya akwasala lutho nezingane. Sekucelwa seбenikiswa бonke seбehamba-ke seбefika emathuneni sekumiwa eduze nethuna. Usecela futhi uNaManjanji, Sezimba izinsizwa ngokushesha. Sezilikhipha ibhokisi lofileyo zilithwale liya ekhaya. Sekungenwa endlini nalo imbokisi lelo.

37 Selelashwa selivulwa-ke kahle usekhishwa lona ofileyo useбekwa eziko usenukiswa eziko usenukiswa ngemithi nangogwayi kuбaswe umulilo omukhulu. Useze uyathimula lona oбefile. Uthimula njalo x uyafuthwa impela ngemithi emakhaleni. Umfundisi yena uthena ngokuбona ukuthi seбeбuya usegijima phambili nomvangeli g ngoба phela indlu lapho kwakuvuselwa khona aбantu kukanoManjanji. Umfundisi uyazike ngoба uvamisile nokuhamba khona. Seбengena kwanoManjanji kuveliveliwe njena uselivula ngomuбese ivelivelo soбelala ngemuva kwamaбokisi amaningi aбekiwe namacansi usethula бenaye umvangeli. Uthena

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uma esevukile umuntu lona usethula umfundisi sekushiswa usungulo emulilweni. Se6emu6uza ukuthi usenenkani namanjena na usephendula ethi ca. 6athe uma 6ethi 6ayalikhipha usungulo
38 ukulu6ethala ekhanda kumfana lowo. Wakhuza umfundisi, wasukuma wama ngezinyawo zombili nomvangeli wasukuma wama ngezi nyawo zombili. Akhumuntu owatshena omunye 6aphuma 6elakanyana. Amazwi okukuza komfundisi awo kuthi, "Musani ukwenza icala kuNkulunkulu, masikhuleke." Uthekuleka umfundisi 6ase 6ekude usethatha lomfana ehamba naye emusa ku6o kwasiNta6ingila. Se6emangala njena ekhaya ukuthi uphumaphi uMondli. Use6athsena umfundisi ukuthi kwenzeke njani. Se6evuka 6emusa enkosini inkosi nayo isimangala. Usekhuluma naye uMondli ukuthi yini. Kodwa ukukhuluma kwakhe akusaqondile no6untu 6akhe wayese6onakala ukuthi yisilima u6esefile. Wa6uye wafa k akaphilanga kade washeshe wafa. A6akwaManonjanji 6a6aleka njalo kusukela ngalo lelolanga, a6aziwa ukuthi 6ashonaphi..

39 Useze uya6onwa uNomanjanji esafa wa6uye wavuka ese6amba a6antu engasalali akhaya esezula lonke izwe. Kwake kwathi kulo leli laseKhala6asi wa6onakala eqhamuka i eDannhauswe kwa6aleka wonke umuntu kwaphela nomshado ngo6a phela kwakushadwa. UNomanjanji wayeqoka ijoyini ezi6ovu izingu6o zonyamane. Kwakungasahanjwa ngamunye. A6afana 6ezinkomo 6ese 6ehisela eduze namakhaya ngokwesa6a yena uNomanjanji. Noma umuntu eyofula umbila kwaku6a usizi impela ngo6a uma eyedwa waye angasoze ahamba. Lenda6a enjena yaze yakhuzwa a6amhlophe ukuthi uNomanjanji akekho lapha. Ngo6a 6ekwala 6anga6ona umuntu ogqoke unyamane 6asuke 6ethi uNomanjanji. Pho-ke kwathi noma a6amhlophe 6esho njalo a6antu 6ephuza ukukholwa 6ekuzwakala njalo ukuthi u6onakale ekuthini seku amanganje.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

]

K13/21 16*

ser. 187

a~~x~~ a6ayokweqa lapha yi6ona a6anecala. Umuncele kwa6a ucingo olwehlukanisa iSithothoni neSididi asehamba namaphoyisa e6uya

43 Sekuthi igoso lasekhiphe uSimon use6uya eya ekhaya ngo6a egulelwa. Useshi~~y~~a uBhamu igoso laseSithothoni. UBhamu usethukuthela ukushona kwelanga esehambile amaphoyisa useyihlomisa elandela 6ona a6aseSididini. USeweqa umncele o6ekwe amaphoyisa. Useyicela umahlala eyaseSididini. UBhamu esekade eyicelile eyakhe. Usegijima phambili nephini lakhe ukuyagalela kuqala. Se6emushaya 6emuwisa phansi a6aseSididini nephini lakhe 6a6ayafa njalo. Kanti amaphoyisa aya6ona awayile ekhaya ngo6a a6onile ukuthi kuzoliwa. Isi6aleka eyase> Sithothoni a6asayixoshi la6a 6aseSididini. Asefika amaphoyisa ase6atshena ukuthi ma6aye emakhaya ngo6a loku sekuyicala. La6athetha a6aseSididini ngo6a 6a6asukela. Nanamhla isazondana.

END 187

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.